

## Kushaqwe i-abalone yenani lika-R1.6-million

**Tshwane, 15 kuMfumfu 2021** – UPhiko Lwemisebenzi Yemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS), ngokusebenzisa umnyango walo elilawula impahla emingceleni, lushaqe i-abalone eyonyisiwe yenani lika-R1.6million ifihlwe enqoleni ebidonswa yitekisi emngceleni oseLebombo. Inhloso bekuwukungenisa eNingizimu Afrika i-abalone ngokungemthetho isuka eMozambique. I-abalone ibipakishwe emabhokisini angama-21 inesisindo sika-460 kg.

Okwamanje, umshayeli wetekisi uvalelwe esitokisini eMnyangweni wamaPhoyisa (SAPS) kanti i-abalone yona inikwe amaPhoyisa ukuze aqhubeke nophenyo. Uma uphenyo seluphothuliwe, amaPhoyisa azobe esenika abakwaSARS imoto ukuze baqhubeke nezinqubo ezilandelwayo ngokweHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter ubonge izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni ngokuqaphela kwazo kanye nokuzinikela kwazo ekugcwaliseni umyalelo wakwaSARS wokulwa nohwebo olungemthetho, akukhathaleki noma olwezimpahla ezingeniswayo noma eziphumayo.

“Izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni zizinikele ekwenzeni kube nzima futhi kumbe eqolo kubashushumbisi nasekuvikeleni ezomnotho waseNingizimu Afrika. Namiphi imizamo yokusebenzisa izwe lethu njengendawo yokwenzela izenzo ezingemthetho ngeke kumelwane nayo neze. Kulokhu, izisebenzi zikhombise ukuzinikela kwazo ekuvimbeni uhwebo olungemthetho kokuvikelwe nokusengcupheni,” kusho uKhomishana.

Bheka izithombe ezinanyathelisiwe.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane ne [SARSMedia@sars.gov.za](mailto:SARSMedia@sars.gov.za)